# ABAKWA-SARS BETHULE ISIKHUNGO SAMABHIZINISI AMAKHULU ESAKHIWE KABUSHA

**JOHANNESBURG, 23 kuMfumfu 2019 -** Namuhla, uKhomishana wakwa-SARS u-Edward Kieswetter wethule isiKhungo samaBhizinisi amaKhulu i-Large Business Centre esakhiwe kabusha emagcekeni aso amasha ase-Woodmead.  Ekhuluma nabaphathi abakhulu bezinkampani eziphezulu, uMnu Kieswetter ubeke ukubaluleka okuzolethwa yilesi sikhungo ekwenzeni izinkampani zithobele ngaphandle kokunxenxwa/ngokuzithandela eNingizimu Afrika.

Umbono wakwa-SARS wangowezi-2024, owethulwe uMnu Kieswetter, ukwakha u-SARS wesimanje onobuhlakani nesithunzi esingangabazeki, owethenjwa futhi onconywa yibo bonke ababambiqhaza kanjalo nozakwethu bamazwe omhlaba.

Okwamanje, intelangeniso yezinkampani yiyo engeyesithathu enegagelo elikhulu emalini engenayo, engenise isamba semali engenayo esingu-16.6% kunyakamali wezi-2018/2019.

UMnu Kieswetter uhlonze ukuthi amasu aphokophelwe isiKhungo samaBhizinisi amaKhulu ezosebenza phezu kwawo azogxila ekuqoqweni kwemali engenayo ngokuthobela kokuzithandela, okusebenzayo nangempumelelo, kanye nokuthuthukisa usizo nobudlelowano buka-SARS nebhizinisi lonkana. phezu kwlaokho, isiKhungo samaBhizinisi amaKhulu sizoba umongo wempumelelo obhekana ngendlela efanele nezinselelo kanjalo nezidingo eziza nale ngxenye enezingqinamba kumkhokhintela futhi ehambisana nokusebenza kahle kokusingathwa kwentela emazweni omhlaba.

Ukubaluleka okuza nesikhungo sebhizinisi elikhulu ukukhuthaza ukuthobela ngokuzithandela okuzokwenza umkhokhintela no-SARS bakhokhe kancane, okuyindlela enemixhantela emithathu ebandakanya –

• ukuphathwa kobudlelwano ngokuzinikela phakathi kwemboni nomkhakha, okuzoqinisekisa ukuthi amathimba entela abelwa amakhasimende anolwazi olukhethekile futhi ayaliqonda ibhizinisi lekhasimende.

• Ithimba elinamakhono futhi elingongoti ezinhlotsheni ezehlukene zentela kulabo bakhokhintela abanamaphothifoliyo entela ayinkimbinkimbi, kubandakanya nalawo asebenza emagunyeni ahlukene kwezentela. Kuze kube manje, abakwa-SARS bahlose ukucacisa kalula izibopho zabakhokhintela kanjalo nokuthuthukisa ukusebenza kahle ezinqubweni zokuhlola, ukucwaningwa kwamabhuku kanjalo nokuxazululwa kwezinkinga noma izikhalazo.

• indawo eyodwa yokusingatha izidingo zomkhokhintela zokuthobela intela kuzo zonke izinhlobo zentela lokhu u-SARS akubiza ngosizo oluyi-‘*One-stop shop’* ukuphela. Lolu sizo luhlinzeka umkhokhintela ngokuxhumana okungenazingqinamba nabakwa-SARS mayelana naziphi izidingo

zentela noma imibuzo umkhokhintela angaba nayo, ngokusebenzisa ithimba elilodwa elisingatha ubudlelwano okuyilo elisingatha yonke iphothifoliyo yentela.

Ingxenye yomkhikhintela isikhungo egcile kuyo yibhizinisi elikhulu elichazwe njengamaqembu noma izinkampani ezinenzuzo engaphezulu kuka-R1 billion; abhaliswe ku-*Johannesburg Stock Exchange*; izinkampani zosizo lwezimali ezinenzuzo engaphezulu kuka-R500 million; izinkampani zemigodi ezinenzuzo engaphezulu kuka-R500 million, zonke izinkampani noma amaqembu ezinkampani anezimpahla zenani elingaphezulu kuka-R100 million uma zihlanganisiwe, kanjalo nezinkampani eisemazweni amaningi. Enye ingxenye yamakhasimende yilabo abanomcebo omningi ababizwa nge-Ultra High Net-Worth Individuals labo izimpahla zabo zevile ku-R75 million uma zizonke. Abakhokhintela abafanelekayo babhaliswa ku-Large Business Centre yakwa-SARS.

IsiKhungo samaBhizinisi amaKhulu sise-Woodmead North Office Park, 54 Maxwell Drive, Johannesburg.